**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H. CELE YOKUVULA IBHULOHO IMPEMBENI MHLAKA 02 APRIL 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu namhlanje sizovula ibhuloho kusafakazela kona ukuzibophezela kukahulumeni wethu ukuqinisekisa ukuthi siyazigcina izithembiso zethu.

- Sesifike izikhathi eziningi kabi kulesi Funda saseZululand sizotshala izimali kwingqalasizinda ngenhloso yokuthuthukisa umnotho wendawo, ukuxhumanisa imiphakathi nezikhungo zosizo nokuqinisekisa ukuthi izinga lempilo liba ngcono emiphakathini yasemakhaya.

- Akumangazi phela ukubona abantu bakithi ababenganakiwe phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso ngoba nansi imisebenzi iyabonakala. Siqinisekisa ukuthi impilo yabantu basemakhaya iba ngengcono.

- Ibhuloho esilivula namhlanje liyingxenye ka-R1,5 billion uMnyango wezokuThutha owutshale eZululand ukuze kubhekwane nezinselelo zengqalasizinda yezokuthutha.

- Sifake imali emisebenzini ehlanganisa, phakathi kweminye, uD1820, uD487, uP700, uP432, uP235/ P49/ P52, uP234, Umbhudula Road, iQwasha River Bridge, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, iThombothi River Bridge, uBivane River Bridge, iWela River Bridge, iKwaBhanya River Bridge, Intethe River Bridge neNsonyane Bridge.

- Ukwakhiwa kwebhuloho nomgwaqo okuxhumanisa imiphakathi yaseBabanango sekube nomthelela omkhulu emphakathini kwadaleka namthuba emisebenzi kubantu bendawo nakwezolimo. Umsebenzi wokwakha lapha udle imali engu R4.8 million.

- Phela sihlale sisho ukuthi uma kwakhiwa kumele kuhlomule umphakathi wendawo kwezomnotho, osonkontileka bathole zonke izinto zokwakha khona endaweni futhi baqashe nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane. Asidingi kufakwe ipolitiki kulokhu.

- Leli bhuloho lixhumanisa iBabanango noLundi. IZululand ingenye yezindawo esifundazweni lapho abantu besahamba amabanga amade beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezimpeshenini. Ngakhoke sithi njengohulumeni asikwazi ukuvumela isimo lapho othisha nabafundi kumele bakhumule nsuku zonke uma bewela imifula beya esikoleni.

- Kodwa kubalulekile ukugcizelela ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusiza abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Njengomphakathi sibhekene nezinselelo njengobugebengu, izifo ezingelapheki, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi, nokunye. Kodwa lezi zinselelo zingalungiseka kuphela uma kunokuthula, intando yabantu nentuthuko. Lezi yizinto eziyisisekelo sempilo engcono kubantu bonke.

- Ngaphandle kuka-R1,5 billion esiwufake ngaphansi kuka-Operation Kushunquthuli, lesi Funda sesinoZibambele abangu-3 575. Kunama-saving clubs angu-211 aseqoqe imali engu-R1 433 980 kuze kube manje.

- Sengiphetha, ngoLwesibili sethule uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngamaholide ePhasika KwaZulu-Natal lapho besibheka imikhankaso ezoqhubeka emasontweni ezayo.

- Kuleli Phasika sizoqinisa ezokugcinwa komthetho emigwaqeni yonke esifundazweni, sigxile kulokhu:

- Ukuphepha kwabahamba ngezinyawo
- Abashayela bephuzile
- Izithuthi zomphakathi namaveni
- Ukusika okungafanele
- Izimoto ezingenawo ama-number plate

- Ngaphandle kwalokhu, kukhona uhlelo lwezokugcinwa komthetho olubanzi lwezimvimbamzila esiluvezele abezindaba saludalulela umphakathi. Ungasho-ke ukuthi awuxwayiswanga.

**Ngiyabonga**